

Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek



Confidential



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

UNHLABA/UNHLANGULANA 2024

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)

ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyelulekwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80

ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40

ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo, ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Lesi Isibazi Esingasoze Saphola. [50]

1.2 Izinto Ezingilethela Injabulo. [50]

1.3 Impilo Iyisipho Esivela KuMdali. [50]

1.4 Ubuhle Nobubi Bomuntu Busuka Kuyena Ngaphakathi. [50]


1.5 Ukungazi Kufana Nokungaboni.

Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sihloko? [50]

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.7



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.8



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo, ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Sekuphele iminyaka eyi-6 waqeda enyuvesi kodwa umsebenzi awuwutholi.

Bhalela **umngani** wakho **incwadi** umcele ukuba niziqalele into ezoningenisela imali.

[30]**2.2 UMBIKO/IRIPHOTHI**

Izimvula ezinkulu zishiye umonakalo omkhulu endaweni yangakini. Imenenja yakwaMasipala ebhekene noMnyango weZinhlekelele (Natural Disasters) icele ukuba uyibhalele umbiko/iriphothi mayelana nokwenzekile.

Bhala **umbiko/iriphothi** ozoyinika imenenja yakwaMasipala wendawo yangakini.

[30]**2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Umfowenu omdala unezinsuku ezi-5 ahamba/anyamalala ekhaya. Senimfuno kuzo zonke izindawo kodwa animtholi. Ubaba wakho usecele umndeni ukuba ube nomhlangano wokuxoxa ngokufanele kwenziwe.

Bhala **i-ajenda namaminithi omhlangano** njengoba becele wena ukuba ube ngunobhala.

[30]**2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE**

Isikole sakho sizobe sigubha Usuku Lolimi Lwebele (World Mother Tongue Day). Ukhethwe/uqokwe ukuba wethule inkulumo ngokubaluleka kokukhuluma nokuziqhenya ngolimi lwakho.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula ngalolu suku.

[30]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo, ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 IPHOSTA

Uvule isitolo esidayisa izibuko zamehlo ezinhlobonhlobo.

Bhala **iphosta** ukuze abantu beze esitolo sakho.


[20]**3.2 IDAYARI**

Ugogo wakho uzobe ehlanganisa iminyaka engama-90. Ningabazukulu bakhe nifuna ukumenzela umcimbi wokumbonga ngakho konke anenzele kona.

Bhala **idayari** ngamalungiselelo enizowenza kusukela ngoLwesithathu kuze kube usuku lomcimbi oluzoba ngoMgqibelo.

[20]**3.3 INKOMBANDLELA**

Buka umdwebo osekhasini elilandelayo bese ubhala **inkombandlela** ozoyinika umshayeli ozokulandela umngani wakho eSakhile Airport emletha KwaSishi Home elandela imicibisholo. Umtshele aqaphele ngoba amagama emigwaqo awakafakwa.



[Sicashunwe ku-wwwgoogle.com]

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C:
AMAMAKI ESEWONKE:

20
100